**REMARKS BY, KZN-SALGA CHAIRPERSON, HON A.T NTULI ON NATIONAL COUNCIL OF PROVINCES HELD IN UGU DISTRICT MUNICIPALITY, KZN.**

Chairperson of the NCOP
Deputy Chairperson of the NCOP
The Hon Ministers
The Premier of KZN
Speakers of the Provincial Legislatures
District Mayor
Local Mayors
All Hon Councilors
SALGA Representatives
Ladies and Gentlemen

Kuyintobelo emangalisayo ukuphawula kulo mhlangano woMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe wokuyisa IPhalamende Kubantu siyi Nhlangano Yohulumeni Basekhaya base Ningizimu Afrika (SALGA).

Deputy Chairperson, umthethosisekelo udinga ukuthi siqinisekise ukuthi iSigungu esiphezulu emazingeni amathathu kahulumeni sihlinzeka ngohulumeni osebenzayo, futhi osebenza obala noqondayo ukuthi kufanele ukwazi ukuphendula kubantu futhi nobumbene kwi-South Africa yonkana. Ngeke sikwazi ukufeza igunya elinjalo lomthethosisekelo ngaphandle kokubonisana, ukusebenzisana kanye nokubambisana phakathi kwethu nemiphakathi.

Lokhu akukhathaleki ukuthi sikuphi emazingeni kahulumeni, uMthethosisekelo ufuna ukuba senze imithetho, siqondise ukusebenza kweSigungu esiphezulu, senze kube lula ukubamba iqhaza komphakathi kanye nokubamba iqhaza ekuxoxeni kwephalamende.

Kungumbono we-KZN SALGA ukuthi uhulumeni angakwazi ukwenza okwengeziwe ekuxhumaneni kwakhe, kuphela uma sihlangene kuleli gumbi sidingide futhi sisebenzise lokho abantu abakudingayo .

Njenge-KZN Salga, sikholwa wukuthi, ngokubambisana sinamandla okusebenzela abantu bakithi futhi sibanikeze izidingongqangi abazidingayo nangale kwalokho, okubalulekile ***“ukuzimisela”.***

Akungabazeki ukuthi uhulumeni wasekhaya ube nomthelela omkhulu ezimpilweni zabantu abajwayelekile baseNingizimu Afrika ekwandiseni ukuhlinzekwa kwezidingo kubantu bakithi ezifana nogesi, amanzi amahholo omphakathi nokuningi. Futhi siyakuqonda ukuba basekhona omasipala abahlulekayo ukusebenza ngobuqotho nokuhambisa intuthuko kubantu. Sinomuthwalo wokuba sibambisane ukutakula labo masipala ukuze abantu bayithole intuthuko.

Ingcindezi elethwa ukungakhokhela kwama services iminyango kahulumeni namabhizinisi kucindezela kakhulu intuthuko. Ngiyanxusa ukuba uNdunankulu wesifundazwe angenelele ukunxusa iminyango ibakhokhele omasipala ukuze bakwazi ukuqhubeka nokuhlinzeka izidingo zomphakathi.

Njengo SALGA KwaZulu-Natal, nginombono wokuthi njengoba kunezinselelo ezehlukene esibhekene nazo ezithinta ukuhlinzekwa kwezidingongqangi, okubalulekile ekubhekaneni nalezi zinselelo ukubuyekezwa kokwabiwa kwezinsiza kanye nokuthuthukiswa kobudlelwane phakathi kohulumeni (IGR).

Sinawo lo mbono esimweni sokuthi kule minyaka engama-28 edlule, izinsiza zezimali ezitholakala komasipala zehlulekile ukuhlangabezana nezidingo zomasipala mayelana nezidingongqangi kanye nezidingo zokulethwa kwengqalasizinda futhi lokhu kuye kwaba kubi ngokuhamba kwesikhathi.

Ukwethulwa kwe-District Development Model (DDM), kudinga ukuthi sonke sisebenzise izinhlelo futhi siqinisekise ukuthi, izindaba ezithinta imiphakathi yethu kubhekwana nazo ngokuhlinzeka izixazululo kusenesikhathi.

Sengathi ukuhlala kwalomhlangano kungaletha umehluko ezimpilweni zabantu futhi kusize ukuxazulula izinkinga zabantu.

